ZULU

Umkhobandlela Woluntu

# #RSABUDGET2020

www.treasury.gov.za | RSA Budget | #RSABudget2020

Eli phepha lipapashwe ngokubambisana phakathi kwa bakwa-National Treasur nabakwa- South African Revenue Service

IPAPASHWE
national treasury
Department:
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: (012) 315 5757
www.treasury.gov.za

INCUKACHA

### YINI ISABELO SEZIMALI?

Njalo ngonhlolanja, uNgqongqoshe wezezimali wethula izinhlelo zeminyaka emithathu elandelanayo zesabelo sezimali, ukuqoqwa kwentela kanye nokwebolekwa kwemali ezimakethe zezimali kuleli naphesheya kwezilwandle. Ungqongqoshe uphinde achaze indlela okuhloswe ngayo ukusetshenziswa kwemali eyabelwe iminyango kahulumeni wesizwe, ohulumeni bezifundazwe kanye namantshontsho atholwa omasipala.

### SENZIWA KANJANI ISABELO MALI?

1. Umnyango kaHululemi ukhipha umkhombandlela oqukethe ulwazi oludingekayo ngesabelomali.
2. Iminyango ihlela izinhlelo zayo futhi inikeze indlela ezosebenzisa ngayo imali ekufezekiseni izidingongqangi zoluntu.
3. Izicelo zesabelomali zinikezwa uMnyango Wezezimali bese kuyaboniswana.
4. Amakomidi ezintloko zeminyango abe esexoxa kabanzi ngezicelo zesabelomali ezilethiwe.
5. Kwenziwa iziphakamiso noma izincomo kwiKomidi LoNgqongqoshe elibhekene nesabelomali.
6. Kuba khona isitatimende sesabelomali esenziwa phakathi nonyaka esona sinika izinkomba zesabelomali sokuqala konyaka.
7. Bese kuthi isigungu sekhabinethi senze izinqumo ngokuthi izokwabiwa kanjani imali.
8. Kulungiswa izincwadi zesabelomali.
9. Isabelomali luyethulwa ePhalamende.
10. IPhalamende libe selicubungula isabelomali bese isamukela.
11. Isabelomali sibe sesithunyelwa kuMongameli asisayinde ngokusemthethweni.



# UKUSILELA KWEMALI KANYE NOKWENYUKA KWEZINGA LEMALIMBOLEKO WAKULELI

**Izimali zomphakathi azisimeme neze ngenxa yokuthi uhulumeni usebenzisa imali engaphezu kwamandla wezomnotho, aphinde aboleka ngenani elikhulayo ukuxhasa ukuntuleka kwezimali.**

Isibikezelo sokukhula komnotho wakuleli sesehlisiwe ngama-phesenti angu - 0.3 kulonyaka makuqhathaniswa nesasibikwe ngenyanga kaMfumfu onyakeni owedlule. Imali eqoqwayo nguhulumeni ilinganiselwa ukuba yehle kodwa ukusetshenziswa kwezimali kuyaqhubeka nokwanda, ikakhulukazi ngoba izinkampani zikahulumeni zithwele kanzima ngokwezezimali.

Isibikezelo sezezimali zakuleli esathulwa ngonyaka odlule ngenyanga kaMfumfu, saxwayisa ngokungabuyiseli izimali zomphaka ezingeni elisimamileyo. Ngokuhamba kwesikhathi, izwe lakuleli liyobhekana nemiphumela yalokhu njengokungakwazi

Izwe lakuleli lidinga izinguquko zokuqinisekisa ukukhula komnotho ngokushesha, ukuze kusimame ukukhulisa imali yentela esetshenziswa ukukhokhela izinhlelo zenhlalo nentuthuko.

ukuxhasa izinhlelo zakahulumeni zenhlalo nezomnotho; ukukhuphuka kwezindleko nenani lenzalo yemalimboleko; ukwehla kwethemba lotshalozimali oluhambisana nomnotho obuthakathaka okuyikho okuyodala ukwanda kwenkinga yokuntuleka kwemisebenzi; ukukhula kwemalimboleko kahulumeni; okumbandakanya nezomnotho ezisashaqekile umhlaba wonke.

Ukugwema lesisimo, uhulumeni uhlose ukwehlisa umthethosivivinywa weholo labasebenzi bakahulumeni, okuyoholela ekutheni kongwe imali elinganiselwe kumabhiliyoni angu 160 wamarandi eminyakeni emithathu ezayo. Lokukwehlisa kwomthethosivivinywa weholo labasebenzi bakahulumeni kulindeleke ukuba kuthuthukise izinga lokusetshenziswa kwezimali, ngokuba nemali eyanele ukubhekelela izidingongqangi nokutshalamali yengqalasizinda. Lokhu kungenelela akwanele neze. Ukulungiselela isabelozimali sika-2020, uhulumeni uthathe isinqumo sokulwa nokwenyusa kwentela ekubeni ikhona kade kulindelekile. Isizathu esidala lesinqumo kungenxa yobuthakathaka kwezomnotho. Okwamanje, uhulumeni ugxile ekuvuseleleni kabusha i-SARS nethemba lomphakathi ezikhungweni zikahulumeni.

Izwe lakuleli lidinga izinguquko zokuqinisekisa ukukhula komnotho ngokushesha, ukuze kusimame ukukhulisa imali yentela esetshenziswa ukukhokhela izinhlelo zenhlalo nentuthuko. Izinguquko eziphuthuma kakhulu ilezi eziqiniseka ukuthi osomabhizinisi nase makhaya banikezwa ugesi owanele nothembekile. Ngokuhamba kwesikhathi, ukukhula komnotho ngokungeziwe kuzonciphisa ingcindezi yezimali ngokukhulisa ukuqoqwa kwezimali kanye nokwehlisa amazinga embolekamali yakuleli.



# UMULAYEZO KANGQO-NGQOSHE

Isimo sezimali saseNingizimu Afrika zisesimeni esibucayi kakhulu. Izidingo ziyaqhubeka nokwanda ekubeni izinsiza zona zinganele.

Ukusetshenziswa kwemali kahulumeni kumele kugcinwe ngaphansi kwemigomo ebekiwe, kodwake kwesinye isikhathi kuke kwadingeka ukuphuka komthamo wokusetshenziswa kwemali kahulumeni ngenxa yokunyuka kwemithwalo yemfanelo yezenhlalo, ngenkathi ukuqoqwa kwezimali kube ngaphansi kobekulindelwe, lokho kuholele ekutheni uhulumeni aboleke ngokungaphezulu kwalokhu ebekulindelwe. Lesisimo sidinga imicabango enzulu ngokukhulu ukushesha, futhike lesisimo sidinga ukuba izinhlangano ezahlukene zibambe iqhaza; uhulumeni, abasebenzi, amabhizinisi kanye nomphakathi. Abantu baseNingizimu Afrika baqala ukuba manqikanqika ngendlela uhulumeni asebenzisa ngayo imali, ikakhulukazi ukusetshenziswa kwemali yabakhokhi bentela ukusekela ngokwezezimali izinkampani eziphethwe nguhulumeni njengoba besebenzela ukubuyisela lezinkampani esimeni sokukwazi ukuzimela.

Isabelomali sika-2020 siphinde sihlinzeke ngezinye izindlela ezinohlonze zokusetshenziswa kwezimali ngendlela ekahle nenobuchule. Uhulumeni usebenzakanzima ukubuyisela nokulawula isimo sezimali sakuleli esimeni esifanele. Ngokunjalo siwu hulumeni sisebenzela ukuqaphela ukusetshenziswa kahle kwezimali zomphakathi siphinde siphucule izimpilo zabantu bakuleli. Sisebenzela ukwenza isimo lapho umphakathi uzokwazi ukuvula amathuba emisebenzi amaningi futhi kunqandwe ukumoshwa kwemali. Bantu bakithi kweleNgabadi ngiyaninxenxa ukuthi nikhuthale futhi ningapheli amandla ekubhekaneni nezinselelo nezinqinamba kanye nomuzwa omelene nokuba nethemba lesimo esingcono. Okokugcina, ake ngigcine ngesicaphuno esivela kuMike Rawlings esithi: "Kungase kube kubi ngaphambi kokuthi kube ngcono, kepha kuzoba ngcono

# UMTHELELA WONTULEKA KUKAGESI KUMNOTHO WAKULELI



**Umnotho ubulinganiselwe ukuba ukhule ngama-phesenti angu-0.3 ngonyaka odlule. Isibikezelo sokuthula komnotho wakuleli ulinganiselwe ukuba wehle ngama-phesenti angu-0.9 kulonyaka, wenyuke ngama-phesenti angu-1.6 ngonyaka ka-2022.**

Ukuntuleka kukagesi kulindeleke ukuthi kufake incidezi ekukhuliseni umnotho eminyakeni emibalwa azayo. Ngenxa yaleso sizathu uhulumeni usebenza kanzima ukuxazulula inselelo yokuntuleka kukagesi. Izindleko zikagesi zilindeleke ukuba zibe amabhiliyoni angu–150 wamarandi eminyakeni emithathu ezayo, okubalelwa kwisikhundla sesihlanu kwezimali ezisetshenziswa kwingqalasizinda. Uhlelo oluhlanganisiwe lokufakelwa kukagesi kuzwelonke (The Integrated National Electrification Programme) labelwe ngokwengeziwe amabhiliyoni angu-16.4 wamarandi ukuxhasa ukuxhumana olusha olulinganiselwa ku-560 000 kwigrid yamandla eminyakeni emithathu ezayo. Kuphinde kwengezwa amakhaya awu-15 000 ngonyaka azonhlinzekelwa ngohlelo lwamandla okuxhumana oluzimele lodwa. Uhulumeni uzodlulisa amabhiliyoni angu-15.7 wamarandi kumasipala kanye no Eskom ukuxhasa loluhlelo.

Uhulumeni useqalile nokubhekana nezinqinamba zokungakhuli komnotho ngochungenchunge lwezinhlaka zenqubomgomo nezinyathelo. UMnyango wezoKumbiwa kanye nezaMandla uhlaziya iziphakamiso zokukhiqiza amandla angeziwe angu 3 000 000 zama-megawatt, ngaphezu kwalokho ibuyekeze uhlelo lwesibili lezichibiyelo zomthethonqubo ozokwenza lula ukukhiqiza ugesi. Uhulumeni ushicilele ingxenye ka-34 yezinqumo ukwenza kube lula komasipala ukuthenga ugesi kubakhiqizi bamandla abazimele nokuthola amandla aphuthumayo kulabo abakwaziyo ukuletha amandla kwi-grid ngaphakathi kwezinyanga ezintathu kanye neshumi nambili kusuka ekushicilelweni kwesivumelwano.

Abakhiqizi bamandla abazimele balindeleke ukuba bakhiqize ugesi ongeziwe ngo 200 wama-megawatt.

# UKUQEDWA KOKUHLU-KUMEZWA KWABESI-FAZANE NEZINGANE

**Uhulume uhlose ukusongulula izinkantolo eziwu-58 ezizobhekana qamashi nokumezwa ngokocansi ezinabashushisi kanye nokwengeza izikhungo ezaziwa ngeThuthuzela Care Centres eziyisihlanu.**

Zibalelwa ku-46 izinkantolo zaloluhlelo ezizosetshenziswa ukubeka phambili nokuqeda amacala avele ekhona okuhlukumenza ngobulili kanye nobufazi. Uhulumeni uzoqhubeka nokuxhasa iminyango yezenhlalakahle yezifundazwe ukusekela uhlelo oluhlose ukuvikela isandulela ngculazi, ukusetshenziswa kabi kwezidakamizwa kanye nokuhlukumeza ngobulili nobufazi.





# UMSEBENZI WOHLELO LOKULUNGISA AMADOLOBHA

Ukulandelela ushintsho lwasemadolobheni ngokusheshayo, uhulumeni uzogxila ohlelweni lokubheka ukuthi lamadolobha akhiwe endaweni afanelekileyo, nohlelo lokuthuthukisa oluxuba ukusebenza nemali engenayo kanye lokuxuba ukusebenza nokuxhumanisa amadolobha namadolobha esibili.

Uhulumeni uhlose ukusungula uhlelo lwamadolobha olubizwa ngokuthi iCities Programme Project Preparation Facility (CIPPPF).

Loluhlelo lizobonelelwa ngesinikezelo ukuze kusekelwe omasipala abakhulu basemadolobheni ukuqala uhlelo olusebenza kahle ukulungiselela umkhuba wotshalomali wenhlokodolobha yabo. Loluhlelo luhlose ukuthuthukisa isilinganiso sokuguqula amadolobha nokudala amathuba omsebenzi, ngaleyondlela kuncishiswe ubuphofu nokungalingani kuleli.



# UKUSEBENZA KWAHULUMENI NOKUBAMBISANA NEZINHLANGANO ZOMPHAKATHI

Ngonyaka ka 2018, uMnyango weZimali wakuleli ubambisane nezinhlangano zomphakathi ekusunguleni uthombo we inthanethi yakahulumeni eyaziwa ngokuthi iVulekamali; loluhlelo lizuze umklomelo ngokuba umthombo omkhulu okhuthaza noluvula amehlo kuwonkewonke ngokusetshenziswa kwezimali zikahulumeni nokubamba iqhaza komphakathi .

Ngomhlaka 2 no 3 kuNdasa ku 2020, UMnyango weZimali wakuleli uzoba nomhlangano wokucobelana neminye iminyango yezimali yamazwe ahlukene ukuhlolisisa ezinye izindlela zokubamba iqhaza kwisabelomali. Kunohlelo oluhlose ukwakha umthamo wokusebenza emnyangweni wezimali wakuleli. Kumenyiwa ngokuvulelekile abahlabeka umxhwele ukuthi bazibandakanye kuloluhlelo njengoba lumemezelwe ku webhusayithi yoMnyango weZimali wakuleli nasezikhungweni zokuxhumana ezahlukene.

# IZIBONELELA ZENHLALAKAHLE


Ngonyaka ka 2020/21 ozoqala ngenyangakaMbasa kulonyaka, uhulumeni uzokhuphula isibonelelo sezingane ngo R20 ngenyanga, esezintandane ngo R40 ngenyanga, kuthi isibonelelo sempesheni sona senyuke ngo R80 ngenyanga.

Inani labantu abahlomula kwizibonelelo lilindeleke ukuba lukhuphuke ngesigidi esisidwa lifinyelele kwizigidi eziwu – 19 ngonyaka ka 2022/23. Abathola isibonelelo sokondla izingane silindeleke uba sifinyelele kwizigidi ezingu – 13.4 wezingane.


| IZIBONELELO ZIKAHULUMENI | 2019/20 | 2020/21 |
|---|---|---|
| Eyempesheni | R1 780 | R1 860 |
| Eyabaminyaka engaphezu kuka - 75 | R1 800 | R1 880 |
| Eyamasosha asemnkatshu'ubomvu | R1 800 | R1 880 |
| Eyabakhubazekile | R1 780 | R1 860 |
| Eyezintandane | R1 000 | R1 040 |
| Eyabadinga ukunakekelwa | R1 780 | R1 860 |
| Eyokondla izingane | R425 | R445 |

# IVELAPHI IMALI FUTHI IZOSETSHENZISWA KANJANI NGO 2020/21?


## IMITHOMBO YEMALI ENGENAYO KAHULUMENI NGO 2020/21




## UKUSETYENZISWA KWEMALI NGO 2020/21




# ISABELO SEZIMALI: NGOKWEMALI ENGAHLANGENE NEZINDLEKO ZENZUZO NEMALI YENZUZO EKHOKHWA UHULUMENI NGONYAKA




* Izindleko ezingeyona inzalo sezimali kahulumeni kungabandakanyi inzalo ekhokhelwa izikweletu.

# 2020 UKUHLONGOZWA KWENTELA

SARS At Your Service

Intela ekhokhwa abasebenzayo

## ZIKUTHINTA KANJANI IZINGUQUKO ZEMALI YENTELA YOMUNTU SIQU

Isabelo mali sika – 2020 sinhlinzeka ngempumuzo yangempela (okungaphezu kokukhuphuka kwenani lemali) ngokulungisa intela engenayo kanye nentela yomuntu ngamunye. Inani lomholo lapho umuntu engabhadali intela khona lizobuyekezwa ngendlela elandelayo kunyaka oqala ngo 1 kuNdasa ngo 2020 kuya ku 28 kuNhlolanja ngo 2021:

| IZIGABA ZEMALI | 2019/20 | 2020/21 |
|---|---|---|
| Ngaphansi kweminyaka eyi 65 | R79 000 | R83 100 |
| Iminyaka eyi 65 ukuya ku 74 | R122 300 | R128 650 |
| Iminyaka eyi 75 nangaphezulu | R136 750 | R143 850 |

Amazinga amasha okukalwa ngawo inani lentela ekhokhwayo umuntu ngamunye ahambisana nembuyiselo mali etholwayo.

| IMBUYISELO MALI | 2019/20 | 2020/21 |
|---|---|---|
| Eyokuqala (iminyaka engaphansi kwe 65) | R14 220 | R14 958 |
| Eyesibili (iminyaka eyi 65 ukunyuka) | R7 794 | R8 199 |
| Eyokugcina (iminyaka eyi 75 nangaphezulu) | R2 601 | R2 736 |

Intela ka gwayi notshwala

## UKUKHUPHUKA KWENTELA KUGWAYI NOTSHWALA

Intela eziphuzweni ezidakayo nogwayi izonyuka ngama-phesenti aphakathi kuka 4.4 no 7.5.

| | IZOKONYUKA NGE: |
|---|---|
| Ubhiya | 8c ikani elingu 340ml |
| Lwayini elingahluziwe | 14c ibhodlela elingu 750ml |
| Lwayini elihluziwe | 23c ibhodlela elingu 750ml |
| Lwayini elihlohlozayo | 61c ibhodlela elingu 750ml |
| Utswala obunongwe ngezithelo | 8c ikani elingu 340ml |
| Ugologo | R2.89 ibhodlela elingu 750ml |
| Usikilidi | 74c iphakethe elina 20 |
| Ugwayi wenqawe | 82c iphakethe elika 50g |
| Ugwayi wenqawe | 40c iphakethe elika 25g |
| Izigazu | R6.73 iphakethe elika 23g |

Ezentela kaphethilol

## UKUNYUKA KWENTELA KAPHETHILOLI

Intela kaphethiloli izonyuka ngamasenti angu-15 ilitha, bese kuthi imali eya emgodleni wezingozi zokunxephezela abalimala ezingozini zemigwaqo inyuke ngama-phesenti angu-5 kusukela ngo mhlaka 01 kuMbasa ngo 2020. Loku kuzonyusa:

- Intela kaphethiloli iye ku R3.69 ilitha, ekadizili iye kuR3.54 ilitha
- Intela eya emgodleni wokunxephezela abalimala ezingozini zemigwaqo iye kuR2.03 ilitha lika phethilomu nodizili

Intela Yemvelo

## UKWENYUKA KWENTELA YOSHEKHASI

Intela yoshekhasi izonyuka kusukela ku-12c iye ku-25c kusukela ngo 01 kuMbasa ngo-2020.

Amanani entela

### AMANANI ENTELA EKHOKHWAYO AMASHA (R)

Intela ezokhokhwa umuntu ngamunye kulonyaka wentela ozoqala ngo 1 kuNdasa ka2020 kuya ku 28 kuNhlolanja ka 2021.

| Esingenisa intela (R) | Intela ezokhokhwa (R) |
|---|---|
| 0 to 205 900 | Amaphesenti angu-18 weholo elidonselwa intela |
| 205 901 to 321 600 | R37 062 kanye nama phesenti angu-26 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R205 900 |
| 321 601 to 445 100 | R67 144 kanye namaphesenti angu-31 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R321 600 |
| 445 101 to 584 200 | R105 429 kanye namaphesenti angu-36 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R445 100 |
| 584 201 to 744 800 | R155 505 kanye namaphesenti angu-39 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R584 200 |
| 744 801 to 1 577 300 | R218 139 kanye namaphesenti angu-41 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R744 800 |
| 1 577 301 nangaphezulu | R559 464 kanye namaphesenti angu-45 kwingxenye yomholo ongaphezu kuka-R1 577 300 |
| Izikhwama zama-trusts | Intela ezokhokhwa ama-phesenti angu 45 |

### INTELA YEZINKAMPANI

Unyaka mali ophela nangaluphi na usuku phakathi kuka 1 April 2020 no 31 March 2021.

| Uhlobo | Isilinganiso sentela (R) |
|---|---|
| Izinkampani | Amaphesenti angu-28 wenzuzo ekhokha intela |

### INTELA YAMABHIZINISI AMANCANE

Iminyaka wentela ephela phakathi kuka 1 Mbasa 2020 no 31 Ndasa 2021

| Inzuzo ekhokha intela (R) | Izinga lentela (R) |
|---|---|
| 0 – 83 100 | Amaphesenti angu-0 wenzuzo ekhokha intela |
| 83 101 – 365 000 | Amaphesenti angu-7 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R83 100 |
| 365 001 – 550 000 | R19 733 kanye namaphesenti angu-21 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-365 000 |
| 550 001 nangaphezulu | 58 583 + 28% yengeniso engaphezu kwe 550 000 |

### INTELA YAMABHIZINISI AFUFUSAYO

Unyaka mali ophela nangaluphi na usuku phakathi kuka 1 kuNdasa ngo 2020 no 28 kuNhlolanja ngo 2020.

| | |
|---|---|
| 0 – 335 000 | 0% yemgeniso ehlawulelwayo |
| 335 001 – 500 000 | 1% yemgeniso ehlawulelwayo engaphezu kwe 335 000 |
| 500 001 – 750 000 | 1 650 + 2% yengeniso ehlawulelwayo engaphezu kwe 500 000 |
| 750 001 and above | 6 650 + 3% yengeniso ehlawulelwayo engaphezu kwe 750 000 |

Intela yokudlulisa impahla

## UKWEHLA KWENTELA YEMPAHLA

Kusekela ngomhlaka 01 kuNdasa ngo 2020 amanani aguquliwe ayosebenza ekutholweni kwempahla.

| Inani lemphahla | Izinga (R) |
|---|---|
| 0 – 1 000 000 | 0% |
| 1 000 001 – 1 375 000 | Amaphesenti angu-3 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-R1 000 000 |
| 1 375 001 – 1 925 000 | R11 250 kanye namaphesenti angu-6 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-1 375 000 |
| 1 925 001 – 2 475 000 | R44 250 kanye namaphesenti angu-8 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-1 925 000 |
| 2 475 001 – 11 000 000 | R88 250 kanye namaphesenti angu-11 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-2 475 000 |
| 11 000 001 above | R1 026 000 kanye namaphesenti angu-13 wenzuzo ekhokha intela engaphezu kuka-11 000 000 |